

**INKULUMO EYETHULWA EGAMENI LIKANGQONGQOSHE  
WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI  
UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO OLUNDI  
NGOLWESINE MHLAKA 18 AUGUST 2011**

Mphathi wohlelo;  
Amalungu esiShayamthetho sesifundazwe;  
Amakhosi aseNdlunkulu akhona nezinduna zawo;  
UMeya woMkhandlu wasoLundi;  
Amakhansela wonke akhona;  
Abefundisi;  
Imboni yamatekisi;  
Imindeni ethintekile okuyiyona engosingaye;  
Umphakathi wonke;  
Ngiyanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Mangiqale ngokuthatha leli thuba ngixolise egameni likaMhlonishwa uMacingwane ophathiswe ezokuThutha kulesi fundazwe ongakwazanga ukuba yingxenywe yale nkonzongenxa yokuxinwa ngeminye imisebenzi yesizwe.

Sithanda kudlulisa ukubonga emindenini yalaba abasishiyile, ngokusivumela njengoMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal ukuba sihlele le nkonzonyesikhumbuzo sabantu bakithi abasishiye kabuhlungu ngoLwesine olwedlule.

Kuyishwa futhi kuyadabukisa kakhulu ukuthi namhlanje sisenkonzweni yesikhumbuzonyesibili kule nyanga yabantu besifazane, lapho iningi labasishiyile kungabesifazane.

Le ngozi yenzeke ngoLwesine emini ngenkathi wona lo Mnyango wezokuThutha unenkonzonyesikhumbuzo eKokstad lapho bekudlule emhlabeni abantu abalishumi engozini yomgwaqo. Abayisikhombisa babo bekungabesifazane kuleyo ngozi njengoba lapha beyisishiyagalombili.

Nakuyo leyo nkonzo sakhuluma kakhulu ngokubaluleka kokushayela ngendlela efanele. Sakubeka nako ukuthi okusempeleni izingozi zomgwaqo zenziwa ngamaphutha abantu asuke engagwemeka, njengoba isichazile iNhloko yoMnyango nangombiko wesikhashana ngale ngozi.

Okusihlupha kakhulu nje ngukuthi zonke lezi zingozi zibamndakanya amatekisi okuyimboni esesizame kakhulu njengoHulumeni ukuba sisebenzisane nayo ukunqanda izingozi zalolu hlobo kulesi fundazwe.

Okusempeleni kungelinye ishwa nje futhi ukuthi isifundazwe sethu saKwaZulu-Natal senza yonke imizamo yokuqinisekisa ukuthi abasebenzisi bomgwaqo bayaphepha ngokwakha imigwaqo emihle bese kuqiniswa imikhankaso yokuphepha emgwaqeni. Kodwa sisaqhubeka nokuhambela izinkonzo zalolu hlobo.

Lezi zinkonzo zesikhumbuzo ziwuhlelo loMnyango lokungenelela ngokusiza uma kudlule emhlabeni abantu abayisihlanu kuya phezulu engozini eyodwa emgwaqeni.

Kodwa ngifisa ukugcizelela ukuthi izinkonzo zalolu hlobo esizenzayo ziyisibonelo nje sezinhlekelele ezihlale zithatha izimpilo ezingenacala ngezimpelasonto zonke emigwaqeni yaleli lizwe.

Ngakho-ke, lokungenelela kwethu akuwuthathi kancane nomthelela omubi owenziwa ngukufa kwabantu abangaphansi kwabahlanu. Okusempeleni, sihlale sisho ukuthi “ukufa komuntu oyedwa emgwaqeni wethu ngukufa kwabaningi.”

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ube nengqungquthela yezokuphepha ngoMarch walo nyaka esithi i-Road Safety Summit lapho besibheka izindlela ezingasiza ukuba sibhekane kangcono nezinselelo emigwaqeni yethu, ikakhulukazi lezo ezibeka ukuphepha kwethu enkingeni.

Phakathi kwezinqumo ezithathwe kule summit kuthiwe:

- Intsha kumele ihambe phambili ekushintsheni indlela yokuziphatha uma ishayela;
- Imithetho kumele iqinise njengoba izephula-mthetho zithola izijeziso ezincane;
- UHulumeni kumele abheke ukusungulwa kwezinkantolo zamacala omgwaqo ukuze izaphulamthetho kuzobhekwanaz nazo ngokukhulu ukushesha;
- Kumele kuqiniseke izifundo kwezokuphepha kanye nemikhankaso yezokuphepha emgwaqeni emiphakathini;
- Kunesidingo sokuba kuqiniseke ukulawula ngomthetho izikhungo zokufundela ukushayela;

Ngemuva kwalokhu, njengoHulumeni waKwaZulu-Natal sesethule ikomiti le-Integrated Traffic Law Enforcement Committee (ITLEC) elibhekene nokunqandwa kwezingozi kanye namacala okuyiwona aholela ekufeni kwabantu kulesi fundazwe.

Abazohamba phambili kulolu hlelo nguMnyango wezokuThutha namaphoyisa omasipala abehlukene esifundazweni. Leli komiti lizohola izinhlelo ezididiyele zokugcinwa komthetho esifundazweni, lenze ucwaningo oluzolekelela ekunciphiseni izinga eliphezulu lezingozi zomgwaqo kanye nokufa kwabantu.

Sifuna ukubona kuqiniseka ukugcinwa kwemithetho yomgwaqo kuzo zonke izindawo kuhlanganisa nezasemakhaya, amalokishi nasemadolobheni. Lokhu kusho ukuthi siyawuqeda lo mkhuba wokuthi siqinise imikhankaso yethu yezokuphepha emgwaqeni ngezikhathi ezithile zonyaka lapho umthamo wezimoto usuke umningi njengamaholide kaKhisimusi nawePhasika.

Sifuna ukuqinisekisa ukuthi sinkanise yonke indawo ngezokuphepha emgwaqeni amahora angu-24 ngosuku, izinsuku ezingu-7 ngeviki no-365 ngonyaka.

NjengoHulumeni kumele siqinisekise ukuthi ukwep hulwa kwemithetho yomgwaqo akuthathwa kancane manje. Uma sisenemithetho evumela umshayeli ophula umthetho womgwaqo abulale umuntu ongenacala, bese kodwa lowo mshayeli abekwe icala lokubulala engahlosile noma akhiphe inhlawulo – kuyacaca ukuthi lowo mthetho udinga ukubhekisiswa. Akumele sivumele ukungahlonishwa komthetho okulahlekisela abantu ngezimpilo zabo kulimaze nomnotho wethu.

Sizwile ukuthi lo mnumzane obeshayela itekisi eyenze ingozi eKokstad uvelile enkantolo kuthangi, abezokushushisa bambeke amacala ayishumi okubulala hhayi okubulala engahlosile. Icala lihlehliiselwe uLwesibili oluzayo.

UMacingwane-ke uhlale egcizelela ukuthi kunezinto ezivamile eziholela ezingozini ezweni lethu, kuhlanganisa nesifundazwe sethu esihle, ngeshwa esesinegama elibi lokubulala abantu abaningi kunezinye izifundazwe, noma ngabe kungenxa yengculazi, ubugebengu noma izingozi zomgwaqo.

Uvame ukuthi izinto ezibonakala zihamba phambili ekudaleni izingozi yijubane, ukushayela uphuzile, izimoto ezingekho esimweni esifanelekile sokuba semgwaqeni, kanye nemikhutshana eyenziwa ngenkathi umuntu eshayela, njengokungafasi ibhande, ukukhuluma kwi-cell phone ushayela, nokulayisha ngokweqile.

Manje-ke, njengamalungu omphakathi kubalulekile ukuba sizigqugquzele ngamunye ngamunye nanjengomphakathi wonkana ukuba sibambe iqhaza ekulweni nezingozi zomgwaqo. Sithi izingozi azizenzekeli kodwa ziyenziwa, kanti ukuzigwema kungumsebenzi okumele siwubambisane sonke.

UMhlonishwa uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uDkt Sbu Ndebele uhlale ethi “abaphilayo yibona abavala amehlo abangasekho bese kuthi abangasekho bavule amehlo abasaphilayo”.

Izigameko ezinjengalesi esihlangene ngaso lapha zisivula amehlo ngezinto ezenzeka emigwaqeni yethu. Yingakho-ke uMnyango unqume ukuthi usebenzise le nkonziso yesikhumbuzo njengenkundla yokunimema nonke lapha ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni ngokuba nesekele umkhankaso wethu.

Masivumelane sonke ukuthi namhlanje sakha ubambiswano oluzosithatha lusibeke esikhathini samaholide kaKhisimusi nangemuva kwawo. Noma ngabe ungumshayeli noma ungumgibeli, sithi sizoziphatha ngendlela sihloniphane emgwaqeni.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza imindeni yalaba:

Name and Surname	6. Sizakele Zulu (uNdlunkulu)
1. Mlamuli Ndlovu	7. Simangele Mpanza
2. Thando Zama Mazibuko	8. Biyela Lwandile
3. Sibusisiwe Thabethe	9. Nontokozo Dlamini
4. Nombulelo Mbuli	10. Nmfundo Mbatha
5. Sthembile Jali	11. Mandla Phakathi (umshayeli)

### **Imiphefumulo yabo sengathi ingalala ngoxolo!**

UMnyango uzobasiza abathintekile nemindeni ekulandeleni imigudu yokuthola usizo lwe-Road Accident Fund. Lokhu kwenziwa mahhala, kodwa kumele sigcizelele ukuthi akusho ukuthi asibavumeli abantu ukuthi bazisebenzisele abameli babo mhlambe ababakhokhela nyanga zonke uma benabo. Esikushoyo ngokuthi senzela labo abadinga ukulekelelwa bangaze baxhoshwe ngabanye abantu abathi bayabasiza.

**Ngiyabonga.**